

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

26/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Kantate, ngomhla ka 03. 05. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela lolusuku, lilotshiwe kuwo amaH. 98:1a, lithi: **"Mhubeleni uJehova igama elisha, ngokuba wenzé izimangaliso!"**

1. Iculo 158/1

2. **Umkhuleko:** Baba wethu osezulwini, siyadumisa igama lakho, siyahubela uBaba uMdali wethu amahubo amahle namuhla ngokuba unguNkulunkulu wethu osithandayo, siyacela uMoya uNgcwele ukuba asifundise kahle ngezwi lakho ukuba siculele wena njengabantwana bakho, ukuba sikwazi ukucula ngendlela ethandiwe nguwe. Sicela ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 12:1-6;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseKolose 3:12-17;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMathewu 21:14-22.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 204/300

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 11:25-30, lithi: "Ngalelohora uJesu wakhuluma wathi: Ngiyakubonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ukufihlile lokhu kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, wakwambulela izingane; yebo, Baba, ngokuba kwabakuhle phambi kwakho ukuba kube-njalo. Konke ngikunikelwe nguBaba; akakho oyazi iNdodana, kuphela uYise; akakho futhi omazi uYise, kuphela iNdodana nalowo iNdodana ethanda ukumambulela yena. Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bhekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, singakaqali ukuzwa ngezwi lentshumayelo lanamuhla, ake sizwe indima namanye amazwi anamuhla ngisho njengezwi leTestamente elidala, indima yaleliviki, nephistola ukuba sibone kahle ukuthi lelisonto liyisonto lokucula, lokuhlabela, lokuhubela uNkulunkulu amaculo amahle, amahubo, nezihlabelo, namaculo okomoya.

Igama lalelisonto linguKantate, okungukuthi: Culani, hlabelani, hubani. Indima yaleliviki iphuma eHutsheni lanamuhla elingu 98 ithi: "Mhubeleni uJehova igama elisha, ngokuba wenzé izimangaliso." Ngalendima yeviki siyabona ukuthi sifanele ukumhubela uNkulunkulu wethu amaculo amahle, amaculo angcwele. Amakholwa ayacula, ayahlabela, ayahubela uNkulunkulu wawo, ngoba azi izenzo zakhe ezinkhulu, ikakhulu umsebenzi wokusihlenga ekufeni okuphakade ngokusithumela iNdodana yakhe emhlabeni, ukuba isisindise.

Izwi leTestamente elidala liyihubo lokusindiswa kuka-Israyeli, leliHubo elilotshiwe ku-Isaya 12:1-6, lithi: "Ngiyakubonga, Jehova, ngokuba wangithukuthelela, kepha intukuthelo yakho isibuyile, uyangiduduzela. Bheka, uNkulunkulu uyinsindiso yami; nginethemba, angesabi, ngokuba uJehova, uJehova ungamandla ami nehobo lami, waba yinsindiso yami." Liyaqhubeka lithi: "Bongani uJehova, nibize igama lakhe, nizazise izenzo zakhe phakathi kwezizwe, nimemezele igama lakhe liphakeme. Hlabelani kuJehova, ngokuba wenzile izinto ezinkhulu; lokhu makwazeke emhlabeni wonke. Memeza, ujabule wena ohlezi eSiyoni, ngokuba mkhulu oNgcwele ka-Israyeli phakathi kwakho." Ngempela bongani uJehova, bandla lakhe, ngokuba uJehova muhle, unomusa kithi, akasiphathi njengokufanela kwethu, kodwa unomusa nobubele kithi.

Kulo iphistola lanamuhla siyathola lelizwi elithi: "Niyalane ngamahubo, nangezihlabelo, nangamaculo okomoya, nimhubele uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu ngokubonga." Ngalamazwi siyabona kahle ukuthi abantu bakaNkulunkulu bayamculela, bayamhlabela, bayamhubela. Lokhu akuqalanga ngathi, kodwa kuyinto yabantu bezikhathi zonke. Nasenkonzweni yesonto ibandla livamile ukucula, futhi lifanele ukucula. Ngesonto siyacula amaculo asendulo, amaculo eBhayibheli, njengentroyitu nendumiso kaSimeyoni, siyacula amacula amadala njengamaculo alotshiwe nguMartin Luther. Siyacula ngamaculo amasha njengamakorisi. Onke amakholwa ayacula. Ngaso sonke isikhathi amakholwa aculele uNkulunkulu wawo amaculo awo. Onke lamaculo ayadumisa uNkulunkulu neNdodana yakhe noMoya wakhe oNgcwele njengokushiwo esivumeni saseNikeya ukuthi uMoya Ongcwele uyadunyiswa kanye noYise neNdodana. Awaculi ngobuhle babantu kodwa ngobuhle bakhe, ngomusa wakhe, ngomsebenzi wakhe wokusidala, nawokusihlenga nawokusingcwelisa. Masimbonge kuze kube-phakade

Izwi lanamuhla liyasikhombisa uJesu Kristu ngesikhathi ebonga uYise, uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba. UJesu Kristu wabonga uYise ngoba ekhethile indlela engafani nezindlela zabantu, kodwa wakhethe indlela yakhe yokwambulela iqiniso lakhe kuzo izingane. UNkulunkulu akasiyena umuntu. Iqiniso lakhe alifani neqiniso labantu. Ingqondo yakhe ayifani nengqondo yabantu. Lelizwi liyasikhumbuza ngezwi elilotshiwe encwadini kaPawulu kwabaseKorinte lapho eloba ukuthi: “Ngokuba ubuwula bukaNkulunkulu buhlakaniphile kunabantu; nobuthakathaka bukaNkulunkulu bunamandla kunabantu.” Indlela yokuzithoba phansi kaJesu Kristu eyathatha ngenxa yethu ayifani nokuziphatha kwethu, esingabantu. Thina sithanda amandla, sithanda ukuhlakanipha, sithanda ukubonakala. UNkulunkulu wasisindisa thina esiyizoni ngendlela yokuzithoba, ngendlela engaphakeme, engabonakali. Kumprofethi u-Isaya sifunda lelizwi elithi: “Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu, kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe. Yebo, yalinyazwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.” Thina esingabantu asiqondi nje amandla namasu kaNkulunkulu ngokuqonda kwethu nangamandla ethu. Yebo singafunda esikoleni, singafunda kahle, sikwazi konke, singaphumelela kahle kakhulu eyunivesithi, singaqonda konke okuqondene nezinkhanyezi, nezulu nomhlaba, kodwa ukukholwa, nokubona izindlela namasu kaNkulunkulu, yebo ukukholwa nguNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele lokhu asikwazi ukufunda, asikwazi ukwenza, asikwazi ukuqonda, ngaphandle kukaMoya oNgcwele ofanele ukusibiza, ukusikhanyisa, ukusingcwelise ukuba sikholwe nguye uNkulunkulu uMthathwemunye. Ukukholwa kwethu akusikhona ukuqonda noma ukuhlakanipha kwethu, kodwa kuyisipho esivela kuNkulunkulu wethu.

Kwabakuhle kuNkulunkulu ukuba kube njalo. UNkulunkulu akafuni ukuba sakhe ukukholwa kwethu phezu kokuhlakanipha kwethu. Ukukholwa kuyavela kuNkulunkulu, uMoya oNgcwele uyaphemba ukukholwa ezinhliziyweni zethu ukuba sikholwe nguye. UNkulunkulu akafuni ukuba sakhe insindiso yethu phezu kwamandla nokuqonda kwethu. Ngomusa wakhe sisindisiwe, ngomusa wakhe sikholwa nguye uNkulunkulu uMthathwemunye. Ake sifunde ukwakha, ukubeka lonke ithemba lethu kuye uNkulunkulu nakuwo umusa wakhe, singazami ukwakha phezu kokuhlakanipha kwethu, noma phezu kwengqondo yabantu, kodwa sethembe kuNkulunkulu wethu, owathuma emhlabeni iNdodana yakhe ukuba siphile, sisindiswe ngomusa wakhe omkhulu.

Ake singavali, singavimbezeli izindlebe zethu namuhla, kodwa sizwe kahle, simuzwe uMsindisi wabantu lapha esimema khona ngokuthi: “Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene,

ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula.” Ake simlalele, sizwe sonke isimemo seNkosi yethu, lapha esimema khona ukuza kuye. Akathandi ukusithwalisa ngemithwalo esindayo, akathandi ukusithwalisa ngomthwalo omubi. Uyasipha umusa nokuthula, uyasipha ukwenama nothando, uyasusa umthwalo wezono zethu emahlombeni ethu. Ake sifunde kuye, hayi kubantu bomhlaba ukuba sibe nomusa nathi, sibe nokuthula nathi, sibe nokwenama nathi, sibe nothando nathi. Ake siphume emthethweni womhlaba wokuzonda, umthetho womhlaba womona, umthetho womhlaba wokubulalana, sifunde kuye uJesu Kristu ukuthethelelana, ukuthandana, ukuthwalisana, ukwamukelisa ukuthula.

UJesu Kristu uyasifundisa namuhla ngokunye, akafundisi njengabantu bomhlaba, ngokuba enguMsindisi wethu, ijoka lakhe lihle, nomthwalo wakhe ulula. Masimbonge kuze kube-phakade. Masimbonge ngokucula, nangokuhlabelela, nangokuhuba, nangokumdumisa. Yebo, bandla likaJesu Kristu, hlabelela, huba, cula, dumisa, ngokuba kuhle ukumhlabelela uNkulunkulu amaculo amahle, angcwele. Amen.

9. Umkhuleko: Nkosi, Nkulunkulu othandekayo, ogcwalisa izinhliziyi zamakhohla akho ukuba apheleliswe emqondweni munye nasekuboneni kunye, mawusabele isizwe sakho ukuba senze intando yakho ngentokozo, sikuhubele ngenhliziyo yonke ngamahubo, ngamacula, silondolozwe esikhathini seziphithiphithi eziningi zanamuhla, usamukele endaweni lapho kukhona izintokozo zeqiniso khona ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu ophilayo, obusa kanye nawe noMoya oNgcwele manje, naphakade. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 162/10

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009 ngu-P. C. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.